


Emandulo kwakukhona umfana owayemubi, engathandwa yimuntu, ngisho nabazali bakhe imbala babengamuthandi. Nasekhaya lakhe wayezihlalela yedwa endlini yakhe uma umndeni ubukela umabonakude.

Esikoleni wawumthola ehlezi yedwa ngesikhathi ezinye izingane zidlala ngaphandle.





Uma kuyolandwa izinkomo wayehamba yedwa ngasemuva ngoba abanye abafana bengafuni ukuhambisana naye.



Ngelinye ilanga wakhetha ukuhamba aye lapho ayengazi khona. Wahamba wazibona eseqhamukela kwelikhulu ihlathi lesizulu. Waqala ukwesaba kodwa waziduduza ngokuthi vele akukho muntu ozamukhulumisa ngoba akafunwa muntu.

Wathi esezongena kulona ihlathi kwaqhamuka isalukazi esigugile, esingcolile futhi esimbi. Samubingelela isalukazi sambuza ukuthi ufunani ehlathini elisabeka kangaka. Umfanyana kwamumangaza ukubona ekhulunyiswa isalukazi wase esixoxela ukuthi uya lapho engazi khona ngoba akathandwa muntu.





Isalukazi sathi, ngabe uyafuna ngikusize? Waphendula ngokushesha umfana wathi yebo gogo. Isalukazi sathi ngaphambi kokuba ngikusize ngifuna ungikhothe la ebusweni ngize ngibe muhle.

Umfanyana wayengenakho okunye ayekucabanga ngaphandle kokukhotha isalukazi ukuze asizakale. Waqala wasikhona izimbici, amafinyila kanye nezigonogono saze saba sihle isalukazi.





Sabonga isalukazi sathi kumfana, uyabonake hamba ungene phakathi kulelihlathi uma ufika phakathi nalo uzobona izinto eziningi ezinhle kodwa ngicela ungathathi lutho kuzona uthathe impande kuphela uze nayo la kumina.



Wagijima umfana esejahe ukubona ukuthi yini azoyifica ehlathini, wathi engakangeni phakathi samumemeza isalukazi sathi: “Mfana buya woza la,” wagijima futhi umfana wabuyela kwisalukazi wathi yebo sengifikile. Isalukazi sathi mfana wami ungizwe kahle nje ukuthi ngitheni kuwe ngithe uzofica izinto eziningi ezinhle kodwa ungathathi lutho, uthathe impande kuphela uze nayo la kumina. Wavuma umfana ukuthi uyezwa samdedela isalukazi ukuthi akahambe.

Wagijima umfana uthe esethi uyangena ehlathini wezwa izwi lesalukazi limemeza lithi, "Mfana buya woza la," waqala ukudideka umfana ukuthi ngabe isalukazi simbizelani manje, wagijima ephindela emuva. Isalukazi sathi mfana wami sengathi awungizwa kahle ngithi uzobona izinto eziningi ezinhle kodwa ungathathi lutho uthathe impande kuphela uze nayo la kumina. Wavuma umfana wagijima ephindela emuva.



Samubiza futhi ,"Mfana wami angikwethembi sengathi ngeke uyenze into engikutshele yona, ima ngikuphindele ngithe uzobona izinto eziningi ezinhle kodwa ungathathi lutho uthathe impande kuphela uze nayo la kumina." Umfana wabe eseqala ukucikeka yilokubizelwa safuthi, ephindelwa into aseyizwile. Wagijima kakhulu waze wangena phakathi ehlathini.





Uthe angangena wabona isitsha esigcwele imali, wasidumela wafaka imali emakhukhwini ebhulukwe lakhe. Manjalo wacabanga ukuthi isalukazi sithe angathathi lutho, wayikhipha ngokushesha imali wayiphindisa esitsheni sayo.

Wathi qala qala wabona izingubo ezinhle ezintsha, wakhumula akugqokile ngokushesha wase egqoka izingubo ezintsha. Wawakhumbula amazwi esalukazi, wazikhumula ngokushesha izingubo.




Waphinda waqalaza wabona impande eyabe isibunile ishiswe ilanga. Wazibuza ukuthi ngabe lesalukazi besithi ngithathe into enje ngizoyenzani mina impande?

Eduze kwempande kwakukhona isitsha esinokudla okunuka kamnandi. Umfana wabe eselambile. Akakwazanga ukuzibamba ngoba wayeselambile wakudla ukudla.





Uthe esekuqedile wakhumbula amazwi esalukazi ukuthi sithe angathathi lutho athathe impande kuphela. Wathi uyayiqalaza impande lutho ukuyibona.



Waphindela emuva edumele ukuyotshela isalukazi ngento eseyimehlele, kodwa akabange esasifica isalukazi lapho ayesishiye khona.

